# Ukusebenza ngokubambisana eKZN kube kuholele ekubanjweni kukasikilidi nokusasidakamizwa ongekho emthethweni

**Tshwane, 4 kuNdasa 2022 –** Ukusebenza ngokubambisana phakathi kwezisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika, uMnyango Wamaphoyisa (i-SAPS) kanye namaphoyisa kamasipala kuholele ekushaqweni kosikilidi abangaphezu kwezigidi ezimbili kanye nokusazidakamizwa eDurban izolo.

Lokhu kwenzeke ezindaweni zokuhlala ezintathu zalowo owaziwa kakhulu ngokuphakela ngosikilidi endaweni yasePhoenix, eDurban. Ngesikhathi kuphenywa, kubanjwe amaluzi kasikilidi ayi-2.31 million enani elingalinganiselwa ku-R3.1-million. Usikilidi lo ubudayiswa ngemali encane kakhulu okukhombisa ngokusobala ukuthi ayikho intelo yempahla ekhokhwayo. Manje sekuzokwenziwa ucwaningomabhuku oluphelele ezimpahleni.

Kwezinye izindawo ezimbili kutholakale okusazidakamizwa, kubandakanya i-*mandrax* nensangu i-*cannabis* kwenani lasemgwaqweni lika-R10 000. Izidakamizwa zinikezwe amaphoyisa ukuze aqhubeke nophenyo.

Lesi sigameko singezinye zemisebenzi wokubamba abaphakela ngosikilidi ngokungemthetho esifundeni sase-KZN. Lo msebenzi ugxile ekuqinisekiseni ukuthi wonke usikilidi odayiswa lapha eNingizimu Afrika uyayithobela imigomo yentela futhi uyayikhokha intela efanele. USARS usuthathe indlela ezinzile emizamweni yokuqeda imboni kasikilidi engekho emthethweni ezweni kanti futhi uzoqhubeka wenze ucwaningomabhuku eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni nolwentela kubo bonke abahwebi nabakhokhintela abangayithobeli imigomo yentela.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe, "uSARS uzinikele ekuxhumaniseni ukuhwebelana kanye nokukhulisa umnotho wezwe. Uzoqhubeka nokwenza kube lula futhi kungabi nazihibe ukuba abahwebi bakwazi ukuthobela izibopho zabo ngokomthetho ngokubahlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso. Ngokulinganayo, uSARS wakha amandla nomthamo wawo wokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo bahwebi abakhetha ukungathobeli. Lesi yisexwayiso sokuthi siyosiphuna nezidindi ekuqinisekiseni ukuthi labo ababandakanyeka kulezi zindlela zokuziphatha bayayikhotha imbenge yomile.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za